**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesithathu)**

**OCTOBER / NOVEMBER 2005**
**OKTOBER / NOVEMBER 2005**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

---

**IMIYALO**:

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B no-C.
- Phendula umbuzo owodwa kuleso naleso sigaba.
- Imibuzo mayiphendulwe ngesiZulu.

---

ISIGABA A
**UMBUZO 1**

Khetha isihloko esisodwa kulezi ozinikiwe ubhale ngaso kugcwale **amakhasi amabili** noma kube amagama aphakathi kuka-250-300.


1.1 UHulumeni wentando yeningi ugubha umkhosi wokuqeda iminyaka elishumi. Yikuphi okuphawulayo ngale minyaka elishumi yokubusa kwalo Hulumeni?

1.2 Lilokhu likhuphuke njalo inani likaphethiloli kuleli lakithi. Phawula ukuthi siyobe sinjani isimo, namanani ezinto eminyakeni eyishumi ezayo.

1.3 Bhala indaba uyinike isihloko esithandwa nguwe mayiqale kanje. 'Ubulelesi buya ngokwanda kuleli…….'

1.4 Bheka isithombe esilandelayo ubhale indaba ngaso, uphinde uyinike isihloko esiyifanele indaba yakho.

Pheqa ikhasi



1.5 Ukube ubungungqongoshe weZasekhaya (Home affairs) yiluphi ushintsho obuzolenza?

**[40]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

ISIGABA B


**UMBUZO 2**

Khetha **okukodwa** kokulandelayo ubhale kugcwale ikhasi elilodwa (120-150 amagama).

2.1 Bhalela abazali bakho **incwadi** ubatshele ngesimo sezinto njengoba ususeqophelweni eliphezulu ezifundweni zakho. Chaza ngenhlalo kanye nezifundo zakho kule yunivesi.

2.2 Njalo ngezithuba zawo-8 ekuseni umkhandlu wedolobha lakini uvala amanzi, aze abuye ntambama ngezithuba zawo-4. Bhalela usodolophu wangakini **incwadi** umazise ngalesi simo esingaphathi kahle izakhamuzi.

2.3 Bhekisisa lo mfanekiso olandelayo bese ubhala **ingxoxo** ehambelana nawo phakathi kwabangane.



**Bona Zulu – May 2004**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [20]**

ISIGABA C

**UMBUZO 3**

Khetha **okukodwa** kokulandelayo ubhale kugcwale ikhasi elilodwa (amagama ayi 120-150)

3.1 Wena njengomfundi webanga leshumi, uqokwe ukuba unikeze **inkulumo** emcimbini wabafundi baleli banga. Ubonge abafundisi bonke abanixhasile kuze kufike kuleli banga, abazali kanye nothishomkhulu.

3.2 Bhala **imemorandamu** iye kuNsumpa wase Orlando East mayelana nezikhalazo zezakhamuzi zaleli lokishi. Ukuqhuma kwamaphayiphi, ukugcwala kwemigqomo kadodi, ukuvalwa kwamanzi, nokucinywa kukagesi ngaphandle kokwazisa izakhamuzi.

3.3 Abakwa-Transnet bakhiphe isaziso sokuthi banezikhala zomsebenzi zabafundi abaphase ibanga leshumi. Faka isicelo sakho uphinde wenze uhlelo lokuzazisa (i-CV) ulithumele kule nkampani yakwa-Transnet.

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [20]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: [80]**

**ISIPHETHO**